*HILLCREST HIGH SCHOOL*

*ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA*

*UKUHLOLWA KUKAJUNI 2014*

*IBANGA LESHUMINANYE (GRADE 11)*

*IPHEPHA LOKUQALA (PI)*

*ABANGALUNCELANGA (NON-MOTHER)*

*ISIKHATHI: 2 Amhr.* *AMAMAKI: 80*

*ISIBONGO:.........................................* *IGAMA:.........................................*

*OKUNJENGEZIHLABATHI ZOLWANDLE!!!!!!*

# *QAPHELA UFUNDE !!!*

*IMIYALELO KUMFUNDI*


- *FUNDISISA LONKE iphepha ngaphambi kukuqala ukubhala.*
- *MUSA ukuxova izinombolo zemibuzo.*
- *Sebenzisa isiZulu esivumelekile.*
- *Bhala umsebenzi OHLANZEKILE.*
- *Sebenzisa UBHALOMAGAMA oluvumelekile.*
- *HLUKANISA kahle ISIKHATHI umbuzo ngamunye ukuze uqede kahle.*
- *Qala isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA*
- *FUNDISISA iphepha lakho uma uqeda ukubhala.*

## *ISIQEPHU A*

*1. Funda indatshana elandelayo bese uphendula imibuzo ngemisho* ***EPHELELE.***

### Impi ihlasele

Ngababili asifunde izindatshana, siqaphelisise izithombe bese siphawula sixoxe ngalokho esikuthola ezithombeni nasendabeni. Sixoxe sisho ukuthi emakhaya ethu thina sisebenza kanjani.




UNtokozo noDudu babuye esikoleni bakhumula, badla qede babukela opopayi kuTV. Izinto zabo bazenza ngohlelo lwesikhathi esabekwa lapha ekhaya. Ngesikhathi sika-17H00 kuya ku-18H30 benza umsebenzi wabo wesikole. Namuhla basizwa ubaba ngoba usheshe wabuya emsebenzini. Ubaba wabo phela uyiphoyisa kanti unina yena unguthisha.

"Baba! Namuhla nginomsebenzi omningi kakhulu." Kusho uNtokozo esondela kuyise. "Nami baba ngizoludinga usizo lwakho," kwenanela uDudu. "Baba namuhla phela ngifakele iqembu lami amagoli amabili ngesikhathi sidlala ibhola esikoleni," kwasho uDudu emoyizela. "Hawu Dudu kanti ungumdlali ovelele! Qhubeka-ke udlale, ungaphila ngokudlala. UNtokozo ufunda ibanga lesihlanu, uDudu yena ufunda ibanga lesithathu. "Asihambeni siyoqala umsebenzi wesikole. Ubaba wabasiza basebenza kahle. Sebeqedile babonga kubaba. "Siyabonga baba usisizile."



Umama ubengeke akwazi ukuselekelela namuhla, simbona ematasatasa e-ayina. Bagijima bayotshela umama ukuthi ubaba usebasizile. Umama wezwakala ethi: "Waze wanisiza ubaba, niyabona-ke! Kuhle ukusizana ekhaya.

Ekhishini uSithembiso uyapheka. USithembiso uyena umfana omdala lapha ekhaya. Ufunda ibanga lesikhombisa. Yena uqala ukwenza umsebenzi wakhe ngehora lesikhombisa, engasezukuphazanyiswa muntu. Ngalesi sikhathi oNtokozo noDudu babegeza izitsha ekhishini, bese behamba beyolala. Phela bona balala ngehora lesi-8 ukuze balale isikhathi esanele. Kuhle ukubambisana esikubona kuleli khaya.



*1.1 Obani ababuka opopayi?* *(1)*

*1.2 Benzani oDudu noNtokozo uma bephuma esikoleni?* *(1)*

*1.3 Bawenza ngasikhathi sini umsebenzi wesikole oDudu noNtokozo?* *(1)*

*1.4 Iwashi elisodongeni kubo kaNtokozo lithi isikhathi sini?* *(1)*

*1.5 Uwasha ngani umama kaNtokozo noDudu? Chaza ukuthi ngani.* *(2)*

*1.6 UDudu udlalani esikoleni sakhe? Usho ngani ukuthi uDudu udlala lo mdlalo owushoyo?* *(2)*

*1.7 Ufunda liphi ibanga uNtokozo?* *(1)*

*1.8 Ubani omdala kubo kaNtokozo?* *(1)*

*1.9 Uqala nini yena uSithembiso ukwenza umsebenzi wesikole?* *(1)*

*1.10 Yini eyenza ukuthi uSithembiso awenze ngaleso sikhathi umsebenzi wakhe Wesikole?* *(2)*

*1.11 Benzani oNtokozo noDudu ngaphambi kokuthi baye kolala ebusuku?* *(2)*

*1.12 Phendula ngokuthi* ***IQINISO*** *noma* ***IPHUTHA.***

*1.12.1 Ubaba woNtokozo usebenza esibhedlela ungunesi.*

*1.12.2 Ubaba kaNtokozo uthi, "uNtokozo angaphila ngokudlala ibhola."*

*1.12.3 USithembiso ufake iphinifa uyapheka ekhishini.*

*1.12.4 Kubo kaNtokozo kukhona ikhompuyitha*

*1.12.5 Bhala into eyodwa oyibona phezu kwetafula elisekhishini.* *(5)*

***[20]***

2. *Fundisisa ingxoxo elandelayo bese uphendula ngemisho **EPHELELE**.*




*2.1 Ngubani ovakashayo kule ngxoxo?* (1)

*2.2 Uthi uvakashela kuphi uNokwanda?* (1)

*2.3 Wayezohamba ngani uNokwanda uma evakasha?* (1)

*2.4 Wayezokwehla kuphi uNokwanda?* (1)

*2.5 Yini angayazi uNokwanda mayelana nokulala ehhotela?* (1)

*2.6 UNokwanda wayephethe izimpahla zokugqoka ezanele. Vumela noma uphikise lo mbono usekele impendulo yakho.* (2)

*2.7 Intombazane esebenza ehhotela yamzamela indawo yokulala uNokwanda. Bhala uchaze okwenzeka ngamagama akho.* *(2)*

*2.8 Bhala izinto ezimbili ezikhombisa ukuthi le ndawo akuyona uNokwanda isedolobheni. (2)*

*2.9 Phendula ngokuthi* ***IQINISO*** *noma* ***IPHUTHA*** *kule misho elandelayo.*

*2.9.1 Le ndawo avakashele kuyo uNokwanda iyashisa.*

*2.9.2 UNokwanda wagcina elale phandle.*


*2.9.3 Umngani kaNokwanda ayemvakashele wamfica engekho ekhaya lakhe.*

*[14]*

## *ISIQEPHU B*


*1.Funda indatshana bese uyifingqa ngokusebenzisa amagama akho UNGADLULI emagameni angama-30*

### Yithalente lami leli






Inkundla igcwele ithe phama. Namuhla phela usuku olukhulu lokuncintisana emidlalweni yama *Athletics*. Kuhlangene wonke amaphrovinsi aseNingizimu Afrika. Neyakithi iphrovinsi imelwe izinkakha esizethembile. Sekubhakuza amafulegi kunjeyaya. Abadlali bayo yonke imidlalo bahlezi phansi enkundleni balalele imithetho abayinikezwayo. Balalele nje yilowo nalowo ucabanga ngokuphumelelisa isikole sakhe kanye nephrovinsi yakhe. Yasho yakhala impempe.



Pe! Kwasukuma labo abazogijima ibanga elingu 1500 m. Thina phela esikoleni sasimthwele ngeqoma uSkhumba. Kwaba asiqhumile isibhamu, zasuka. Kwachwaza inkundla yonke kwaba ubuviyoviyo bamakhwela. Samemeza sasho ngengila: "Skhumba senyoka esehlula abashuki!" Wayengasagijimi lapho uSkhumba wayesephephetheka ebahola phambili waze wayoshaya intambo. Akubuzwa nakubuzwa ukuthi yithalente lakhe leli uSkhumba. Kwayena uyazethemba kulo mdlalo futhi usezitshelile ukuthi yiyona ndlela azoziphilisa ngayo lena.




[10]


## *ISIQEPHU C*

*1. Funda ingxoxo elandelayo bese ugcwalisa (fill in) amagama owanikiwe (given.) Bhala imisho (sentences) oyilungisile (corrected)* ***KUPHELA.***

***DWEBELA*** *igama olifakile (filled in)*

| |
|---|
| *Angazi, usizo, besesikoleni, okhalayo, mntwana, wathini, embuza* |




***1.2***

***1.3***

***1.4***


***1.5***

***1.6***

***1.7*** ***[7]***

2. *Buka isithombe esilandelayo bese uqedela imisho echaza ukuthi kwenzekani kuso ngalezi ziqu zesichasiso (qualificative stems) ezilandelayo. Bhala **WONKE** umusho . **DWEBELA** igama olifakile emshweni. **MUSA** ukuphinda iziqu (stems).*

| |
|---|
| *-ne, -luhlaza,-ningi, -khe,-mi, -mhlophe* |



*2.1 UJason uvakashelwe abangani bakhe............*

*2.2 Kukhona imbali.............endlini yokuphumula kubo Jason.*

*2.3 Amantombazane.............nawo angabangani bakaJason.*

*2.4 UJason ufake ukhonkolo (plaster) ..............emlenzeni wakhe.*

*2.5 UJason uthi unyawo......... lubuhlungu uma ehamba.*

*[5]*

3. *Sebenzisa isabizwana (pronoun) osinikezwe esikokeleni (brackets) kule misho elandelayo. Bhala **WONKE** umusho. **DWEBELA** isabizwana osifakile.*

*3.1 UNokwanda (kude) akazi ukuthi uzolala kuphi lapho eya khona.*

*3.2 Akazange alibhuke (buqamama) hhotela azolala kulo.*

*3.3 (eduze) zingubo zakhe eziningi zokugqoka akazange aziphathe.*

*3.4 Abangani bakhe (kude) bazodabuka uma ebaxoxela ngohambo lwakhe.*

*3.5 Kungcono ngoba unayo (eduze) mali yokugibela aye ekhaya.*

***[5]***

*4. Shintsha umenziwa umenze abe isivumelwano sikamenziwa (objectival concord)*

*Bhala **WONKE** umusho. **DWEBELA** isivumelwano (concord).*

*4.1 Abafana badlala <u>ibhola</u> lezinyawo esikoleni.*


*4.2 Isalukazi siwasha <u>izingubo</u> zaso empompini.*

*4.3 Izisebenzi zihola <u>imali</u> encane emsebenzini.*

*4.4 Amakati aphuza <u>ubisi</u> olubandayo ekuseni.*

***[4]***

*5. Lungisa imisho elandelayo ngokusebenzisa isandiso sendawo ( adverb of place) esisezikokeleni kanye nesithombe osinikeziwe . **DWEBELA** isandiso sendawo osisebenzisile.*



*5.1 Ibhikawozi lis..........nendlu yesonto. (next to)*

*5.2 Ikhemisi i........kwebhikawozi ne-Clothes Horse. (in the middle)*

*5.3 Ibhange lona li.......kwekhemisi. ( on the other side)*

*5.4 Imithwalo i.......ebhasini egcwele abantu. (on top)*

*5.5 Kukhona imoto epake.......kwesihlahla. (under)*

**[5]**

*6. Shintsha izenzo ezidwetshelwe zibe izimpambosi (verbal extentions) ozinikwe ezikokeleni. Bhala igama eliyimpambisi **KUPHELA.***

*6.1 Umkhulu <u>uthenga</u> umzukulu isipho. (yokwenzela)*

*6.2 OThabile <u>bayathanda</u> nomngani wakhe. (yokwenzana)*

*6.3 Musa <u>ukukhala</u> ingane ikutshela ukuthi ilambile. (yokwenzisa)*

*6.4 Kufanele <u>ugeze</u> umzimba wakho ukuze uhlanzeke. (yokwenzayenza)*

**[4]**

*7. Sebenzisa izihlanganiso (conjuctions) ozinikeziwe ukuchaza ukuthi kwenzekani lapha esithombeni. Bhala **WONKE** umusho. **DWEBELA** isihlanganiso emshweni.*

| |
|---|
| *Anduba, futhi, kodwa, ngoba,* |



*7.1 ..........ulaleleni ekamelweni elingcole kanje uSizwe ebuza kuThela?*

*7.2 USizwe uthi akanandaba .........uyakwazi ukulala noma kungcolile.*

*7.3 USizwe kufanele avuke alungise ikamelo ..........ageze aye edolobheni.*

*7.4 UThela uthi, kuSizwe uzomtshela umama wakhe.....axoxele nabangani bakhe.*

*[4]*

*8. Sebenzisa amagama alapha ngenzansi kuvele ukuthi anezincazelo ezimbili (two meanings) ezingefani.*

*8.1 Inyanga*

*8.2 Isonto*

*[4]*

*ISAMBA [80]*